



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO U-P487 KWACEZA
MHLAKA 12 APRIL 2008.**

Ngibanibingelela nonke.

- ? Uhulumeni wethu wentando yeningi uhlale ubeke phambili izidingo zentuthuko ezindaweni zasemakhaya, okuhlanganisa phakathi kokunye, ukwakha, ukulungisa, ukugcina esimweni nokulawula imigwaqo yesifundazwe.
- ? UMnyango wakha imigwaqo emisha engu-500 km ngonyaka esifundazweni, u-52% wawo ayitiyela no-35% owubhuqu anakekelwa ngamalungu kaZibambeke angu-38 000 esifundazweni.
- ? Ukuzibophezela kwalo hulumeni sekuyabonakala uma ubheka abantu bakithi akade bayilinda impilo engcono sebeqala ukuphumela obala basho ukuthi ngempela siyazigcina izithembiso zethu.
- ? Kodwa engithanda ukukugcizelela ngukuthi uma siletha le misebenzi sisuke silethela abantu ngaphandle kokubheka ukuthi ngabaliphi iqembu lezopolitiki. Umgomo wethu uthi nje uma sekusetshenzwa kumele imali yalowo msebenzi isale emphakathini wendawo .

- ? Bonke osonkontileka banesibopho sokuthi bathenge impahla yokwakha kosomabhizinisi bendawo futhi baqashe abantu bendawo kuleyo misebenzi okukhona abanamakhono ayo endaweni .
- ? Siyazi ukuthi phambilini imiphakathi yasemakhaya, ikakhulukazi, ibibhekene nesimo esibucayi kwezomnotho nakuba inamathuba amahle kwezolimo nakwezokuvakasha.
- ? Kodwa ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, inselelo esibhekane nayo akubanga nje ukulungisa ukungalingani kwaphambilini kuphela, kodwa kudingeke sibhekane nezinselelo e zilethwa ubugebengu, ingculazi nobubha.
- ? Yingakho sibe sesizibekela umgomo wokuthi senze impilo engcono kubantu bonke. Ngakho-ke ngifuna ukunxwayisa nani njengomphakathi ukuthi hlukanani nokuvumela osopolitiki ukuthi basebenzise ubuthaka benu ukuzizuzela bona kwezepolitiki.
- ? Lapha-ke uMnyango ufaka itiyela e mgwaqeni ongu-32 km ku-P487 kusuka ku-P52 kuya esibhedlela sofuba iThulasizwe . Umsebenzi uhlukaniswe izigaba ezintathu, esokuqala esingu-10km sizophothulwa ngoMashi 2009 ngesamba sika-R35million.
- ? Njengamanje, lolu hlelo seludale imisebenzi engu-50 esikhathini esiyiminyaka emibili. Amaphesenti angu-80 empahla yokusebenza ithengwa khona endaweni. Abantu abayishumi bathole amathuba okuthuthukisa amakhono, emisebenzini yokwakha izitamukoko njengokufaka amapayipi, ukwakha izindonga nokundlala amatshe.

- ? Ekwakhiweni kwalo mgwaqo kuzogqugquzeleka ezomnotho wendawo kwenziwe ngcono nomzila wezithuthi zomphakathi eziya esibhedlela KwaCeza nakwesofuba iThulasizwe Hospital, ezikoleni nasemitholampilo.
- ? Lona ngomunye wemisebenzi esiyiletha esiFundeni saseZululand. Sesifake imali engaphezulu kuka-R1.3 billion emisebenzini yokugcina imigwaqo isesimweni, ekwakhiweni kwengqalasizinda yomgwaqo, ezinhlelweni zokulwa nobubha nasekufukuleni imiphakathi jikelele kulesi Funda.
- ? Imisebenzi yethu ihlanganisa lena phakathi kweminye, u-D1820, D487, P700, P432, P235/ P49/ P52, P234 Qwasha River Road Bridge, Mpembeni, Sikhwebezi Pedestrian Bridge, Thombothi River Bridge, Obivane River Bridge, Wela River Bridge, KwaBhanya Vehicle Bridge and Hlonyane Bridge .
- ? Njengohulumeni sizohlale senza konke okusemandleni ukusiza imiphakathi kulezo zinselelo ebhekene nazo ezindaweni zayo. Kodwa ngithanda ukunxusa imiphakathi isebenzesane nezinhlaka esizibekile emazingeni kahulumeni womathathu.
- ? UMnyango wami uhlale uzimisele ngokunika omasipala usizo lobunjiniyela abaludingayo ekuhlelweni kwengqalasizinda yomgwaqo, okuyingxenye yohlelo lwentuthuko edidiyele. Kukhona imigwaqo yomasipala esithola ukuthi ayakhekile kahle okusho ukuthi ukuyigcina isesimweni kungafana nokuyiqala phansi.
- ? Manje sesithe ngeke sithathe imigwaqo siyigcine isesimweni uma ingahlelwanga ngokubambisana nathi njengoMnyango wezokuThutha.

- ? Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sinesibopho ngokomthethosisekelo sokuqinisekisa ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni. Ngigcizelela ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi.

- ? Ukufa noma ukulimala komuntu oyedwa nje emgwaqeni kusuke kuyinhlekelele emndenini, emphakathini nasesizweni sonkana. Lokhu enikubona kwi-DVD thina sikubona bukhoma, hhayi kanye kodwa izikhathi eziningi.

- ? Ngakho-ke kumele siqinise imikhankaso yokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona, sicacise ukuthi sakha imigwaqo yokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.

Ngiyabonga